Lena yindaba exoxa ngoMulalo Doyoyo ongumsunguli nosoSayensi wase Ningizimu Afrika.

Abasunguli abantu abacabangayo bese bakha izinhlobo ngezinhlobo zezinto ezintsha.

UMulalo usebenzisa iSayensi nobuChwepheshe ukwakha nokusungula izinto ezintsha ezisiza abantu kanye nendawo esizungezile.




“Ngifuna ukunitshela ngoNjiniyela owaba ngumsunguli odumile. Wazalelwa esigodini saseVondwe,” kuqala uthisha u-Mary.

“Thisha ikuphi iVondwe?” kubuza uLulama.


“Isemaphandleni esifundazweni saseLimpopo,” kuphendula uthisha.



“UMulalo Doyoyo wazalwa ngonyaka we-1970. Nanikuphi nina nonke ngonyaka we-1970?” kubuza uthisha uMary.

“Sasingakazalwa ngonyaka we-1970 thisha,” kuphendula u-Jack ehleka.

“UMulalo waqala ukufunda esikoleni samabanga aphansi iVondwe Primary ngonyaka we-1977,” kuqhubeka uthisha.




“Ngesikhathi eseyofunda esikoleni samabanga aphakeme waqala ukuba nothando lweSayensi nobuNjiniyela,” kusho uthisha u-Mary.

“Yini ubuNjiniyela?” uyabuza.

“UbuNjiniyela buhlanganisa iSayensi nobuChwepheshe,” kuphendula uNkoka.

“Kumayelana nokwenza imishini, amabhilidi, nezinye izinto,” kuphendula uKhulani.



“Nobabili nishaye esikhonkosini. ONjiniyela basungula bakhe imishini, izinto, nezakhiwo. Basebenzisa iSayensi nobuChwepheshe,” kusho uthisha.

“Kwathi angaqeda izifundo zakhe eMbilwi Secondary, uMulalo wazuza umfundaze wokuyofundela ubuNjiniyela enyuvesi yaseKapa,” uyaqhubeka.



“Ngesikhathi uMulalo esenyuvesi waqala inhlangano ebizwa ngokuthi i-*Temescial*.

Lokhu kumele 'UbuChwepheshe, ubudokotela bezempilo neSayensi kwabo bonke abantu'.

I-*Temescial* igqugquzela abantu abasha ukuba bafunde iSayensi, ubuChwepheshe, ubuNjiniyela neMathamethiki.

Ekuhambeni kwesikhathi sizothola kabanzi ngalokhu.”



“Emva kokuthola iziqu zakhe zokuqala, uMulalo waya eMelika. Wayefunda aphinde afundise emaNyuvesi khona.

Wayefundisa iSayensi neMathemathiki. Yini iMathemathiki?” kubuza uThisha u-Mary.

“Yisifundo sezinombolo, izimo, namaphethini” kusho u-Akhani.



“Ushaye khona Akani” kusho uthisha.

Uyaqhubeka nendaba yakhe.

“UMulalo uneziqu zobudokotela kulo mkhakha. Wazuza iziqu eziphakeme ezaziwa nge-*PhD.* Uma usuzuze lezi ziqu ubizwa ngodokotela. Unguchwepheshe emkhakheni akuwo wobuNjiniyela.”




“Manje, ngaphambi kokuthi nginitshele ngezinto ezisungulwe nguMulalo, anginikhumbuze ngento esetshenziselwa ukwakha ebizwa ngokuthi usimende,” kusho uthisha.

“Usimende unetshe lelayimi futhi usetshenziswa ukwakha zonke izakhiwo namabhilidi amakhulu.

Leli tshe limbiwa emgodini bese ligaywa libe yimpuphu, emva kwalokho liyashiswa ukwenza usimende.”



“Bafundi, UMulalo waba ngowokuqala ukwenza usimende ongenalo leli tshe. Uma wenziwa kusetshenziswa umlotha nokunye ukungcola okuphuma ezimbonini.

Lokhu kuchaza ukuthi ungakwazi ukwenza usimende ngaphandle kokumba itshe lelayimi emgodini. Ngaleyo ndlela uphephisa indawo esihlala kuyo.”



“UMulalo waphinde wakha umshini wokwenza izitini obizwa ngokuthi i-*Ecocast*. Lo mshini wonga amanzi nogesi. Amanzi atholakala kanzima!”

“Akufanele sishiye ompompi bengavaliwe namanzi ezivuzela nje,” kusho u-Jack.

“Yebo wonke umuntu unesibopho sokuba onge amanzi,” kuphendula uLulama.



“Sengiphetha indaba yami ngesithuthuthu esisebenza ngamandla amanzi ihayidrojini! Lesi sithuthuthu sibizwa ngokuthi i-*Ahifambeni*.

UMulalo nguyena owaba ngowokuqala ukwakha lesi sithuthu ehlangene nabanye abacwaningi,” kusho uthisha.

“Isithuthuthu sehayidrojini, lokho ngubuhlakani!” kusho uKhulani.

“*Ahifambeni*! Asambeni!” kusho uNkoka.




“Yebo! Asambeni siyofundela ubuNjiniyela sizokwazi ukuqala sakhe izinto ezinobuhlakani!” kusho uKhulani.

“Masisebenzise iSayensi nobuChwepheshe ukuxazulula izinkinga bese siyathokoza!” kusho uNkoka.

“Bengazi ukuthi indaba kaMulalo izonigqugquzela!” kusho uthisha u-Mary emoyizela.

## ——Imibuzo

1. Yini othanda ukuyifundela? Kungani uthanda ukuyifundela?
2. Ucabanga ukuthi yini eyenza uMulalo abe nothando lweSayensi nobuNjiniyela?
3. Thola kabanzi ngezinhlobo ezehlukile zobuNjiniyela.
4. Thola kabanzi ngabasunguli bezinto base-Afrika.
5. Izinto ezintsha ezisungulwe uMulalo ziyivikela kanjani imvelo?
6. Iyini i-*STEM?* Chaza ukuthi kungani ibalulekile.
7. Ngaphandle kweNyuvesi yaseKapa, thola amanye amanyuvesi ayisikhombisa aseNingizimu Afrika afundisa ubunjiniyela.
8. Chaza ukuthi kungani amanzi entuleka.

## ——Izincwadi ezikulolu chungechunge

- U-Andile Mji
- U-Asnath Mahapa
- UBongani Mayosi
- UCharlotte Maxeke
- UMmantsane Moche Diale
- UMulalo Doyoyo
- UTebello Nyokong
- UTshilidzi Marwala

Le ndaba ibhalwe ngolimi lweXiTsonga njengenye yezinsiza zokufunda zeprojekthi yeZenex Ulwazi Lwethu ngonyaka wezi-2020.

